# Isitatimende sabezindaba mayelana ne-African Global Holding

**Tshwane, 19 kuNhlaba 2023** – Ukhomishana woPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo eNingizimu Afrika (SARS) uMnu. Edward Kieswetter usamukele isinqumo seNkantolo yoMthethosisekelo samhla ziyi-17 kuNhlaba 2023 sokuchitha isicelo sokudlulisa isinqumo seNkantolo Ephakeme Yokudluliswa Kwamacala esifakwe yi-African Global Holding (Pty) Ltd (AGH).

Udaba luqale emva kwesinqumo seNkantolo Ephakeme Yokudluliswa Kwamacala esaseseka isicelo sokudluliswa kwesinqumo esenziwe abadlimpahla ngenhloso yokubuyisa isikweletu kanjalo nalabo abathenge impahla leyo, esasiphikisa isinqumo sangaphambili seNkantolo Ephakeme esasibeka eceleni ukuthengiswa kwempahla ye-AGH. Kumele kuqashelwe ukuba esinye isicelo sokudluliswa kwecala ngesinqumo sokungayifaki inkampani ohlelweni lokutakulwa kwebhizinisi.

INkantolo Ephakeme Yokudluliswa Kwamacala isichithile isinqumo seNkantolo Ephakeme sokubeka eceleni ukuthengiswa kwempahla kodwa eseseka isinqumo sokuchitha isicelo sokutakulwa kwebhizinisi. Isicelo sokudlulisa isinqumo siye eNkantolo Yomthethosisekelo sinqatshwe yiNkantolo Yomthethosisekelo ibeka isizathu sokuthi le nkantolo ayinagunyamandla phezu kwalolu daba.

UKhomishana wakwaSARS uzwakalise ukuzethemba kwakhe ukuthi ukunqatshwa kokulalelwa kwezinye izicelo zokudlulisa icala manje sekunika ithuba lokuba kuqhubeke inqubo yokuvalwa kwenkampani futhi kwenzeke ngokushesha ukuze kusizakale bonke laba abakweletwayo kubandakanya noSARS.

Ngolwazi olwengeziwe sicela uxhumane ne SARSMedia@sars.gov.za